



liwela umfula ugcele  
**Isolezwe**

# TERTIARY $\Psi$ $\pi$ TIMES


## Umnikelo we-Tronox wokusiza izinhlelo zase-UNIZULU zokufunda, ukufundisa nokucwaninga

UMNYANGO we-Chemistry eNyuvesi yakwaZulu (UNIZULU) ujabule ngemva kokuthola umnikelo omkhulu wezimpompi zikagesi ezimbili ezibiza ngaphezu kuka-R2 million, zivela e-Tronox KZN Sands ngoJanuwari 2019.

Le mishini, enikelwe ngenxa yohlelo lwe-Tronox lokweseka amanyuvesi endawo ayentula phambilini, uzoba wusizo olukhulu ekufundiseni, ekufundeni nasekucwaningeni emNyangweni we-Chemistry.

Ithuluzi lokuqala, i-LECO CS -200, licwaninga i-carbon ne-sulphur, likale izinto ezinjengensimbi, insimbi eshiselwe nolunye uhlobo lwensimbi.

Ithuluzi lesibili, iKatanax, wumshini kagesi oncibilikisa uphinde uhlanganise insimbi esetshenziselwa ukulungisa ubuhlalu obuthungene be-XRF. Ubuhlalu obuthungene buyisibonelo esihle samasampula afanayo (imvamisa okuba wubumba, amadwala, insimbi noma usimende). Benziwa ngokuxuba impompi nesampula eseligayisiwe, lafundunyezwa lafinyelela ezingeni lokushisa eliphakathi kuka-1 000 no-1 200°C emlilweni. Isampula lincibilikiswa empompini bese



Omune wemishini enikelwe yi-Tronox KZN Sands iKatanax izolekelela ososayensi abasafufusa ngomsebenzi wabo wocwaningo nezifundo zabo.

libunjwa, likhonkwe libe yisimo esithile.

USolwazi Tshwafo Motaung, iNhloko yomNyango we-Chemistry, uthe: "Lezi

zimpompi zizokhuthaza, zihlomulise abafundi, kusukela emazingeni aphantsi ngokwezifundo kuye emazingeni aphezulu. Zingasetshenziselwa

ukufunda nokufundisa kanti zifanele nocwaningo lososayensi bohlobo oluthile lwensimbi." UmNyango we-Chemistry, uhambisana noHlelo

IweNtuthuko kaZwelonke nobuchwepheshe balesi sizukulwane, busanda kusayina isivumelwano sokubambisana ne-Tronox KZN Sands.

Lokhu kubambisana kuzobeka i-UNIZULU phakathi kwezinye izikhungo zemfundo ephakeme ezilungiselela isigaba esilandelayo sokulungela ubuchwepheshe ngentuthuko efanele kwezocwaningo.

USolwazi Motaung uthe ngemva kokusayina isivumelwano sokubambisana, kuzoba nezingxoxo ngokuthi kuhambisane ucwaningo olwenziwa enyuvesi nohlelo lwe-Tronox ukubhekana nezinsalelo zenkampani.

I-Dean yoMkhakha wezeSayensi nezeLimo, uSolwazi Nokuthula Kunene, uhalalisele umNyango we-Chemistry ngesinqumo sawo sokudlelana ne-Tronox KZN Sands.

Uthe ukusimamisa isimo sabafundi abathola iziqu "ngenye yezinto ezimqoka ohlelweni loMkhakha wezeSayensi nezeLimo". Ukubambisana phakathi kwesikhungo nezinkampani zezimbongi kuzosiza ukuthi kube nabafundi abagodile abalungele ukubhekana nezinsalelo zomsebenzi uma sebethweswe iziqu.

## Izinsuku zokwethweswa iminyezane zase-UNIZULU zishintshile ngenxa yoKhetho lukaZwelonke

UMICIMBI yokwethweswa iziqu umhlaba wonke yisikhathi esikhulu lapho kusuke kubungazwa impumelelo khona. Yisikhathi esinesizotha esihambisana nobumnandi namasiko ehlukenene. Le micimbi iwuphawu lomsebenzi weminyaka eminingi yokusebenza ngokuzikhandla kubafundi, nesigcwalisa indima abafundi abasuke sebeyikhathulile ukuze bathole iziqu zabo.

Ngenxa yosuku loKhetho lukaZwelonke, olumenyezwelewuMongameli waseNingizimu Afrika u-Cyril Ramaphosa, kuzoba noshintsho oluncane emiCimbini yokweThweswa



iziQu e-UNIZULU. Ekuqaleni le micimbi ibihlelelwe umhla ka-6 kuya kumhla ka-10 Meyi 2019 kodwa manje isizoba ngomhla

ka-13 kuya kumhla-17 Meyi. Indawo yemicimbi ayikashintshi kanti kusazoba yi-King Bhokuzulu Hall,

### Nantu uHlelo oluBuyekeziwe lokweThweswa iziQu ngo-2019 MEYI 13-17 2019

Umsomb 13	UMCIMBI WEZIKU	(i)	Isigaba saseKuseni: Kwezemfundo
		(ii)	Isigaba saNtambama: Kwezemfundo
ULwesib 14	GRADUATION CEREMONY	(i)	Isigaba saNtambama: Kwezemfundo
		(ii)	Isigaba saNtambama: KwezobuCiko
ULwesith 15	GRADUATION CEREMONY	(i)	Isigaba saseKuseni: KwezobuCiko
		(ii)	Isigaba saNtambama: KwezobuCiko
ULwesin 16	GRADUATION CEREMONY	(i)	Isigaba saseKuseni: e-CAL
		(ii)	Isigaba saNtambama: e-CAL
ULwesihl 17	GRADUATION CEREMONY	(i)	Isigaba saseKuseni: KwezeSayensi nezeLimo
		(ii)	Isigaba saNtambama: Sci & Agric

eyethiwa ngeSilo u-Cyprian Bhokuzulu ka-Solomon, ozala iSilo esibusa manje uGoodwill Zwelithini.

Abazokwethwesa iziqu, abazali nabameli babo nabo uqobo bayanxuswa ukuthi bashintshe izinhlelo zabo.

UKUGQUGQUZELEKA KABUSHA

UKUHLUMELA KABUSHA


UKUVUSELELEKA KABUSHA

UKUZIGQAJA NGOBU UNIZULU



Joyina ikhasi lethu kuFacebook uphinde usilandele kuTwitter

[www.unizulu.ac.za](http://www.unizulu.ac.za)



# I UNIZULU



UNIVERSITY OF ZULULAND  
INYUVESI YAKWAZULU

Kuhlelwe kabusha  
ukuhambisana nesimanje